Isifundo 7

**8-14 Nhlaba*

Isivumelwano ESinayi

ISABATHA NTAMBAMA

Funda Kuleliviki:

Dut. 1:29–31; Hos. 11:1; Samb. 5:9; Dut. 29:10–13; Eksod. 19:5, 6; Rom. 6:1, 2; Samb. 14:12; Rom. 10:3.

Indimana Yekhanda:

" 'Nibonile lokhu engikwenzile kwabaseGibithe nokuthi nganithwala ngamaphiko okhozi, nganisondeza kimi' " *(Eksodus 19:4, RSV)*.

Umfana omncame, owayengomunye wezingane eziyisikhombisa, waba sengozini wangeniswa esibhedlela. Kubo kwakungavamile ukuba nezinto ezanele. Wayengakaze aphuze okungaphezu kwengxenye yengilazi yobisi. Uma ingilazi igcwele, bababelana ngayo bebabili, kuthi lowo uphuza kuqala aqikelele angaphuzi kuze kweqe. Ekubeni sebemlungise kahle esibhedlela, umhlengikazi wamlethela ingilazi enkulu yobisi. Wayibuka ngokulangazela okwesikhashana kwaksekuthi, ngokukhumbula ukuswela ekhaya, wabuza, 'Ngiphuze kangakanani na?' Umhlengikazi wathi, "Phuza lonke, ngane, phuza lonke!' "—H. M. S. Richards, "Free Grace," Voice of Prophecy News, June 1950, p. 4. Njengalomfana, kwakuyilungelo likaIsrayeli wasemandulo, njengoba kungelethu, ukuphuza ngokujulile emithonjeni yosindiso. Ukukhululwa kukaIsrayeli ebugqilini bamakhulu eminyaka kwakungukukhangisa okumangalisayo komusa kaNkulunkulu. Kanjalo, umusa kaNkulunkulu ungenelele ekukhululweni kwethu esonweni.

Ukubuka Iviki: Mfanekiso muni uJehovah awusebenzisa ukuchaza Ubudlelwane Bakhe noIsrayeli na? Kungaziphi izindlela izindaba Zofuduko kanye neSinayi zihambisana ngayo nosindiso lomuntu na? Yini indima yomthetho esivumelwaneni saseSinayi na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, May 15.*

Emaphikweni Okhozi

Njengesintu, uIsrayeli wayecwile ebuhedenini baseGibithe iminyaka eminingi nelukhuni, amava Ngokungangabazi ayefiphalise ulwazi lwabo ngoNkulunkulu, ngentando Yakhe kanye nokulunga Kwakhe. UJehovah wayengabazuzela kanjani kuYena na? Okokuqala, wayezobonisa ukuqinseka kothando Lwakhe ngakuIsrayeli, futhi lokho wakwenza ngenzo Zakhe zokubakhulula okunamandla. Wayezoqala ukuheha isizwe ekuthini siphendule ngothando ekusheleni Kwakhe kwesivumelwano. UNkulunkulu waqala ngokukhumbuza isizwe ngezenzo Zakhe zomusa ngakubo eSinayi.

Yiziphi izibonelo ezimbili ezichaza indlela uJehovah aletha ngayo uIsrayeli ukusuka eGibithe kuye eSinayi na? Exod. 19:4, Dut. 32:10–12

Dut. 1:29-31, Hos. 11:1

Lezizibonelo zazizowufundisani uIsrayeli (kanye nathi) ngesimo sokubuka kukaNkulunkulu ngakubantu Bakhe na?

Lezizibonelo zikhomba ukuthi uNkulunkulu wethu ukubona kahle ukweswela amandla kwethu. Funda AmaHubo 103:13, 14. Kuzo zombili izingathekiso zokhozi kanye nomzali ethwele ingane siba nomuzwa wokukhathazeka kukaNkulunkulu ngokuphepha kwethu. Ethambile, ephasa, evikela, ekhuthaza, isifiso Sakhe ngesokusikhulisa ngokuphelele. “Ukhozi lwalaziwa ngokuzinikela kwalo okungajwayelekile emachwaneni alo. Nalo lwaluhlala ezicongweni zezintaba. Ekufundiseni amachwane alo ukundiza laliwathwala emhlane walo lindizele phezu kwamathafa aseSinayi, bese liwawisela phansi. Uma ichwane liselincane kakhulu futhi lingakakwazi ukundiza, ukhozi lwalutshuzela ngaphansi kwalo, lilibambe ngomhlane walo, lindizele phezulu futhi. Lokho, kusho izwi likaNkulunkulu, yindlela ‘enganikhipha ngayo eGibithe nize kiMina.’”—George A. F. Knight, *Theology of Narration* (Grand Rapids, MI: William B. Eerdmans Publishing Company, 1976), p. 128.

Qhathanisa ukuthatheka kukaNkulunkulu ngakithina nokuthatheka kwethu komunye nomunye. Ukukhathazeka Kwakhe ngathi kumele kukuthinte kanjani ukukhathazeka kwethu ngabanye na?

Isilinganiso SoSindiso

" 'Ngalokho yisho kubantwana bakwa-Israyeli ukuthi: 'NginguJehova; ngizakunikhipha emithwalweni yabaseGibithe, nginikhulule ebugqileni benu, nginihlenge ngengalo eyeluliweyo nangezahlulelo ezinkulu, ngiyakunithatha nibe yisizwe sami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu; niyokwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu onikhipha emithwalweni yabaseGibithe" ' " (Exod. 6:6, 7, RSV).

Buka izindimana ezingenhla: Yisiphi Isimiso osibonayo kuzo, njengaphambilini, mayelana nendima kaNkulunkulu ngakwisintu kwisivumelwano sobudlelwano (gxila ekuvameni kwegama Mina kulezozindimana) na?

Ukuhlenga kukaIsrayeli ebugqilini baseGibithe kanye nokuhlengwa kukaNowa nomndeni wakhe kuZamcolo yizigameko ezimbili ezigqamile zosindiso Emibhalweni kaMose. Zombili zinikeza ukubona phakathi kwisayensi yosindiso. Kodwa yisigameko sofuduko ikakhulu esinikeza isilinganiso esiyisisekelo. Lapho uNkulunkulu ethi kuIsrayeli (ngoMose) "Mina ngiyakuhlenga nina" (Exod. 6:6), ngokuqondile uthi "Mina ngiyakuba njengomhlengi" noma u-go'el. "Igama ukuhlenga kundimana 6 [kuEksodusi 6] libhekise kwilungu lomndeni elithenga noma elihlenga elinye ilungu lomndeni, ikakhulu lapho lelolungu beliyisigqila ngenxa yesikweletu noma beselizoba yisigqila. Kuyabonakala ukuthi uIsrayeli wayengenaso isihlobo emhlabeni sokumhlenga, kodwa manje uNkulunkulu wayeseyisihlobo sikaIsrayeli, isihlobo esingumhlengi."—Bernard L. Ramm, *His Way Out* (Glendale, CA: Regal Books Division, G/L Publications, 1974), p. 50.

Uwuqonda kanjani umqondo kaNkulunkulu "ehlenga," noma ethenga, abantu Bakhe ebugqilini na? Kwakuyini inhlawulo okwakumele ikhokhwe na? Lokhu kusitshelani ngenani esiyilo na? (buka uMarko 10:45, 1 Tim. 2:6, Samb. 5:9.)

KuEksodusi 3:8 uNkulunkulu uthi "ngehlile" ukuhlenga uIsrayeli. Lesi yisenzo esivamile sesiHeberu sikaNkulunkulu exhumana nesintu. UNkulunkulu usezulwini, futhi thina sisemhlabeni, kusekutheni uNkulunkulu "ehlele" emhlabeni ukuba akwazi ukusihlenga thina. Empeleni, kusekwehleni kukaJesu kuphela, waphila, wahlupheka, wafa, futhi wavuswa lapho sikwazi ukuhlengwa. "ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu" (Johane 1:14, RSV) ngenye indlela yokuthi uNkulunkulu wehla ukuze asindise thina.

Isivumelwano SaseSinayi

Incwadi kaEksodusi ibhekisa umfundi ezigamekweni ezintathu. Njengezintaba ezintathu, Ufuduko, ukusekwa kwesivumelwano, kanye nokwakhiwa kwetabarnekile—indawo engcwele ziphakama ezigamekweni ezincane. Ukusekwa kwesivumelwano, okulotshwe kuEksodusi 19 kuye ku-24, kwakuyi-Mount Everest yakho kokuthathu. Umklamo omfushane kuEksodusi 19 kuye ku-24 uveza ukulandelana kwezigameko zesivumelwano. Noma ungabanga naso isikhathi sokubheka zonke izindimana ezibalwe ngezansi, gxila ekulandelaneni kwezigameko:

1. Ukufika kukaIsrayeli kanye nokukanisa eSinayi emuva kokukhululwa nguJehovah (Exod. 19:1, 2).
2. Ukuphakamisa kukaNkulunkulu kwesivumelwano noIsrayeli (Exod. 19:3-6).
3. Impendulo kaIsrayeli ekwamukeleni isivumelwano (Exod. 19:7, 8).
4. Amalungiselelo okwamukela isivumelwano ngokusemthathweni (Exod. 19:9-25).5.
Ukumenyezelwa kweMithetho Elishumi (Exod. 20:1-17).
6. UMose njengoxhumanisi wesivumelwano (Exod. 20:18-21).
7. Ukushiwo kwezimiso zesivumelwano (Exod. 20:22 to Exod. 23:22).
8. Ukuqiniswa kwesivumelwano (Exod. 24:1-18).

Lesisivumelwano sidlala indima esemqoka ecebeni losindiso. Yisivumelwano sesine esibhaliwe Ebhayibhelini (sandulelwa yilezo noAdamu, Nowa, noAbrahama), futhi kuso uNkulunkulu uyazembula ngokuphelele kunangaphambilini, ikakhulu njengalokhu lonke uhlelo lwendawo engcwele lusekwa. Ngalokho, indawo engcwele iba yindlela abonisa ngayo abantu icebo losindiso okwakumele balembule ezweni. Nakuba uJehovah wayehlenge uIsrayeli ebugqilini baseGibithe, wayefuna baqonde ukuthi usindiso lwalunokubaluleka okukhulu kunenkuleko yasenyameni. Wayefuna ukuhlenga uIsrayeli esonweni, okungubugqila obukhulu, futhi kwakungenzeka kuphela ngomhlatshelo kaMesiya, njengalokhu kufundisa imifanekiso yendawo engcwele. Akumangalisi-ke, nokho, ukuthi Kungekudala emuva kokukhululwa kwabo ebugqilini, futhi banikezwa umthetho, abakwaIsrayeli bayalezwa ukuba bakhe indawo engcwele, ngokuba kuyo uNkulunkulu wembula kubo icebo losindiso—okuyiyona nhloso nencazelo yeqiniso Yesivumelwano. Ngokuba isivumelwano asilutho uma kungesona isivumelwano sosindiso, uJehovah asinikeza isintu esiwileyo. Yilokhu esasiyikona eEdene, futhi yilokhu esasiyikona eSinayi.

Kungani isivumelwano phakathi kukaNkulunkulu nabantu bakwaIsrayeili sasidingekile na? (buka uDut. 29:10-13, Qaphela, futhi, isibonelo sobudlelwano besivumelwano.)

UNkulunkulu NoIsrayeli

"Kalokhu uma nilalela nokulalela izwi lami, nigcine isivumelwano sami, niyakuba yigugu kimi kunazo zonke izizwe, ngokuba umhlaba wonke ungowami: nibe ngumbuso wabapristi kimi, nesizwe esingcwele. Yilawo mazwi ozakuwakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli" (Exod. 19:5, 6).

Kulezizindimana uJehovah uphakamisa isivumelwano Sakhe nabantwana bakwaIsrayeli. Nakuba ngomunye umqondo uJehovah ebabizile, lolobizo alumane luthwese phezu kwabo ngaphandle kokukhetha kwabo. Kwakumele bavume. Nakho ukukhululwa kwabo eGibithe kwakufaka ukubambisana kwabo: Uma babengafuni ukwenza lokho uJehovah ayekushilo (njengokugcoba igazi emnyango), babengeke bakhululwe. Kwakulula kanjalo nje. Nalapha, futhi, uJehovah akathi kubo, "Noma niyathanda noma anithandi—nizoba yigugu elikhethekile Kimina kanye nesizwe sabapristi." Akusebenzi kanjalo, futhi nombhalo awusho kanjalo.

Funda uEksodusi 19:5, 6, ocaphunwe ngenhla. Ukuqonda kanjani lokho okushiwo nguJehovah kwingqikithi yosindiso Ngokholo na? Ngabe umyalelo lapha wokulalela uJehovah ngandlela thile udicilela phansi umqondo wokusindiswa ngomusa na? Izindimana ezilandelayo zisisiza kanjani ukuqonda impendulo na? Rom. 3:19-24; Rom. 6:1, 2; Rom. 7:7; Samb. 14:12.

"Asizuzi usindiso ngokulalela kwethu; ngokuba usindiso luyisipho samahala sikaNkulunkulu, okumele samukelwe Ngokholo. Kodwa ukulalela kuyisithelo sokholo."—Ellen G. White, *Steps to Christ,* p. 61. Cabanga ngalokho uJehovah ayezimisele ngokukwenzela isizwe sakwaIsrayeli: akabakhululanga nje ngokumangalisayo ebugqilini baseGibithe, kodwa wayefuna ukubenza Abakhe, isizwe sabapristi. Encikise Ubudlelwane babo Naye phezu kosindiso Lwakhe (okwangalesosikhathi, njengokukhululwa kwabo ebugqilini baseGibithe, kanye nokwaphakade), uJehovah wayefuna ukubaphakamisela ezingeni lezikamoya, lenhlakanipho, kanye nelokuziphatha kahle okwakuzobenza babeyisimanga sezwe lasemandulo. Konke lokhu ngenhloso yokubasebenzisela ukushumayela ivangeli ezizweni. Konke okwakumele bakwenze, ekuphenduleni, kwakungukulalela nje.

Kungaziphi izindlela amava ethu ngamunye noJehovah kumele abonise lesisimo esifanayo nalesi esisibona esifundweni sanamuhla na?

Izithembiso, Izithembiso . . . (Exod. 19:8)

Ekuqaleni, konke kubukeka engathi kuhle. UJehovah ukhulula abantu Bakhe, abanikeze izithembiso zesivumelwano, futhi bayavuma: bazokwenza konke uJehovah acela ukuba bakwenze. Yisivumelwano "esenziwe ezulwini," kunjalo na?

Funda izindimana ezilandelayo. Zisinekaza siphi isithombe ngempendulo kaIsrayeli esivumelwaneni na?

Rom. 9:31, 32

Rom. 10:3

Heb. 4:1, 2

Noma yini uNkulunkulu asicela ukuba siyenze, Ubudlelwane bethu kanye Naye bumele busekelwe okholweni. Ukholo lunikeza isisekelo kuso okulandela imisebenzi. Imisebenzi, ngokwayo, nakuba inemisuka emihle kangakanani, ayikwazi ukusenza samukeleke phambi kukaNkulunkulu ongcwele. Ayikwazanga ngesikhathi sikaIsrayeli, futhi ngeke yakwazi ngesikhathi sethu, ngokunjalo. Uma, nakubakunjalo, Ibhayibheli ligcizelela kakhulu imisebenzi, kungani imisebenzi ingasenzi samukeleke phambi kukaNkulunkulu na? (buka uIsa. 53:6; Isa. 64:6; Rom. 3:23.)

Ngeshwa, AmaHeberu ayekholwa ngukuthi ukulalela kwabo kwakuyindlela yokusindiswa kwabo, hhayi umphumela wokusindiswa. Babefuna ukulunga ekulaleleni kwabo umthetho, hhayi ukulunga kukaNkulunkulu, okuza Ngokholo. Isivumelwano SaseSinayi—nakuba siza nemininingwane yemiyalelo kanye nomthetho—sasakhiwe njengesivumelwano somusa njengalezo zivumelwano ezandulelayo. Lomusa, onikezwa mahala, uletha inguquko yenhliziyo eholela ekulaleleni. Inkinga, nembala, kwakungekona ukuzama kwabo ukulalela (isivumelwano sasifuna ukuba balalele); inkinga kwakuwuhlobo "lokulalela" ababelwenza, okwakungekona ngempela ukulalela, njengalokhu umlando olandelayo wesizwe uveza.

Funda ngokuqikelela amaRoma 10:3, ikakhulu isigaba sokugcina. Yiliphi iphuzu uPawule alenzayo lapha na? Kwenzekani kubantu abafuna ukusungula ukulunga kwabo na? Kungani leyomizamo igcina ngokuholela esonweni, ekungalungini, nasekuhlubukeni na? Buka izimpilo zethu. Ngabe sisengozini yokwenza okufanayo na?

Umcabango Obanzi:

Funda u-Ellen G. White, "The Exodus," pp. 281-290; "From the Red Sea to Sinai," pp. 291-302; "The Law Given to Israel," pp. 303-314, in *Patriarchs and Prophets*. "Umoya wobugqila ugxiliswa ngukufuna ukuphila ngokwenkolo yomthetho, ngokuzama ukugcwalisa izimfuno zomthetho ngawethu amandla. Likhona ithemba kithina kuphela uma siza ngaphansi kwesivumelwano SikaAbrahama, okuyisivumelwano somusa Ngokholo kuKristu Jesu. Ivangeli elashunyayelwa kaAbrahama, ngalo ayenethemba, kwakuyilona elifanayo nalelo elishunyayelwa namuhla kithina, okungalo siba nethemba. UAbrahama wabheka kuJesu, onguMqalisi noMphelelisi wokholo lwethu."—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary*, vol. 6, p. 1077. "Ngesikhathi sobugqili baseGibithe iningi lakwaIsrayeli lalingasawazi umthetho kaNkulunkulu, futhi selixube imiyalo yawo kanye namasiko nemikhuba yobuhedeni. UNkulunkulu wabaletha eSinayi, futhi lapho ngezwi Lakhe wamemezela umthetho Wakhe."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 334.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Kungaziphi izindlela Ubudlelwane besivumelwano obabakhelwe ukulonda inkululeka kaIsrayeli enyameni nakwezikamoya na? (Lev. 26:3-13; Deut. 28:1-15.)

2. Funda futhi uEksodusi 19:5, 6. Qaphela inkulumo KaJehovah, "Wonke umhlaba ngowami." Kungani ayesho lokho, ikakhulu kulengqikithi, leyo yokufuna ukusungula isivumelwano nalababantu na? Ukuqonda kwethu iSabatha, nokuthi lisho ukuthini, kungena kanjani lapha na?

3. Siyaqonda ukuthi sithethelelwa izono kuphela ngomusa kaNkulunkulu. Siyiqonda kanjani indima yomusa kaNkulunkulu ekusinikezeni ukukwazi ukuphila impilo yokholo nokulalela na?

Isiqoqo: Isivumelwano uNkulunkulu asenza noIsrayeli eSinayi kwakuyisivumelwano somusa. Esebanikeze ubufakazi obuningi bothando Lwakhe kanye nokunakekela Kwakhe ngokubakhulula okumangalisayo ebugqilini baseGibithe, uNkulunkulu wamema isizwe singene esivumelwaneni Naye esasigcina futhi sithuthukise inkululeko yabo. Nakuba uIsrayeli aphendula ngokuvuma, babeswele ukholo lweqiniso olwaluqhutshwa wuthando. Umlando wabo wakamuva uveza ukuthi, isikhathi esiningi, basilela ukuqonda isimo sangempela sesivumelwano futhi basingcolisa basenza uhlelo lokusindiswa ngemisebenzi. Akudingekile ukuba silandele ukwehluleka kukaIsrayeli ngokuziba umusa omangalisayo owelulelwe kwizoni.